IZITHAKAZELO

kafuphi nangobude bazo

ziqoqwa

nguBheni kaMkhulunyelwa noMaZungu wakwaKhumalo eBaQulusini

1994

- ubanjiswano olusaqhubekayo –

(sezigamenxe zedlula emakhulwini amane **[474]** izibongo kulolu hlu)

	ISIBONGO esisetshenziswayo	**IZITHAKAZELO** kafuphi	**IZITHAKAZELO** ngobude bazo 474
B			12
	Bhebhe	Makhedama, Soyengwase,	Nina bakaBhebhe kaMthendeka! Nina bakaSoqubel' onjengegundwane! Nina baseSiweni, kwaMpuku yakwaMselemusi, kwaNogwence webaya! Dlomo weNdl' ende! Sihlangu samavaka seswel' ababhemu! Wen' owalala nomunw'endunu, wavuka wawuncinda wawukhomb'ilanga! Makhul'emini abafokazana bekhul' ebusuku! Zingwazi zempi yakwaNdunu! Njoman' eyaduk' iminyakanyaka, yatholakal' onyakeni wesine; yabuye yatholakala ngowesikhombisa! Langeni, owavel' elangeni!

	Bhembe	Mashinini, Guliwe	
	Bhengani	Singo, Nyambawu	
	Bhengu	Ngcolosi, Dlabazana	Nina bakwaDlabazanekaNgwane, kaNephu kaLamula! Nyawo zigezwa ngamazolo! Nin' enivuka nixubhe ngelala! Shongololo, wath' uyalithinta lahwaqabala! Ngabe siyakudla, sesab' imilenzelenze! Nyawo zeshongololo kaziphumuli! Sigampu! Ngwane, ingwan' ingwadi; abayibone ngesond' ukuth' iwelile! Jali! Nin' enilala nomunw' endunu, nivuke nikhwif' ilanga! M'memezi kaHlangabeza, Ngcolosi!
	Bhuyeni	Sigwaxa	
	Biyase	Khathini, Ziqubu Luphondo!	Ngonyama yenduna,
	Biyela	Mgazi, Ntshangase, Menziwa, Mvundlane, Mgazi, Malandela, Ndabezitha, Mgazi!	Luzumane kaNdaba! Bazume, Ndaba, balibele! Njezi kaXhoko! Mvundlane wasoKhabeni, Mbeng' osinda abosi,
	Blose (Bhulose)	Ndelu, Shinga, Madiba (Madziba), Dimba, Duma, Mseleku, Bohlela!	Phonsel' obus'uMajonjobela! Othunga ligcwala lingethiwanga; ligcwal' ukuhlakanipha! Noncengwa! Wen' owancengw' izintombi zathi sicel' usishade, Bhulose! Chobile! Wen' owachob' izintwala zenkosazana! Shinga! Ak'shinganga mina, kwashing' isibongo!
	Bophela	Hlomuka, Ngidi	

		Busane, Fuyane, Mazinga!	
	Bukhosini	Mtshali	
	Buleni		
	Buthelezi	Shenge, Sokwalisa Phungashe	Mnyamana kaNgqengelele! Mnandi ngamondi! Wen' owadliwa 'zindlovukazi zamlobolela! Nina 'zinyawo ezimahhele, enaganis' izintombi nanganye nangambili!
C			15
	Caluza	Mnguni	
	Cambi	Mathaba	
	Cebekhulu	Linda, Nsele, Mafu, Nkunga	Nsele kaLindamkhonto! Nongalo, Mntungwa, Sothinyase! Linda kaMafu! Nina bakaMtoyi kaGobho! Mayinga kaNombedu; Oying' izintaba zombili! Uying' uMpehleya; wayinga noMaqhwakazi! Izintab' ezinamancongo (amabizo) njengabantu! Intak' ehlal' umhlakuva wakhothama! Is'khov' umahhehhe; singathi hhi, siyenanela! Senanel' im'hlamb' yamadod' ingqubuzana!
	Cele	Mlungisi, Ndosi, Magaya, Khumbuza, Dubandlela	
	Chagwe		
	Chamane	Gcugcwa, Nzama	
	Chibi		
	Chili	Mthuli, Ngwenya	
	Chiliza	Mdunge	
	Chiya	Wohlanga, Galweni	
	Chonco	Gambushe	
	Chule	Nxele	
	Cibane	Shongololo, Gumede, Qwabe, Khuzwayo, Yeyeye, Mnguni	

	Cindi	Mahlaba, Mashinini	
	Coka	Manata	
D			25
	Damoyi		
	Davids	Ndaba, Badela, Tshibase, Nonunu, Mntungwa, Manyuza, Nkuluka, Dziyana.	Choboka-nje ngamguma! Gubela, ntombi zintle kunye nabayeni bazo! Nozityana, Nonkosi, Khand' iyeza etyeni! Nonxa-asakhathali! Nojawuzela! Nto ezinyawo zimhlophe noxa zinodaka!
	Dhlomo (Dlomo)	Mabanga, Mtingi, Bangile, Mthiyane	
	Dimba	Dukada, Fanisa, Fenya, Nkundlande, Mnguni	
	Dindi	Mhlongo, Mgabhi, Njomane	
	Dladla	Mpembe, Mgabadeli, (Mgabadeni), Gadlela, Dwala	
	Dlamini	Nkosi, Nyanya, Malandela, Ngwane, Hlubi , Sibalukhulu, Mlangeni	
	Dlamlenze	Shamase, Nzima	
	Dlangalala	Galu, Nyamenja	
	Dlodlo	Mabanga, Mtingi, Bangile, Mthiyane	
	Dlomo (Dhlomo)	Mkhabela, Dinangwe, Bhelesi	
	Dludla	Cebisa, Sikhakha	
	Dludlu	Mtima, Mzomba, Sikhakhane	
	Dlungwana	Nondaba, Gagashe, Zondi	
	Dlungwane		
	Donda	Ngonyama, Masinga, Thusini, Manqele, Mzimela	
	Doyisa	Khoso, Mazengezi, Mvubu	
	Dubazana		
	Dubazane	Mwelase	
	Dube	Nyamazane, Mbuyazi, Lushozi, Mafukuzela,	Dub' elimthende! Maqham' ehleli njengegwababa! Buyazi!

		Nzwakele, Bayi	Nzwakele! Khushwayo! Silwan' esihle! Mbuyazi kathekel' emanxulumeni! Jama, owajama ngomkhonto emaDubeni! Donda! Mp' iyahlehla! Dub' elimthende!
	Duma	Ntenga, Mthombeni, Lwandle	
	Dumakude	Mngcobo, Nzimase	Wena kaMpunz' edl' emini, ngob' ebusuku yesab' amazolo! uMsong' wensimb' ayithath' ayithwal' ekhanda! Khon' amagwal' azombalekela! Mwangase!
	Dumisa	Gcwensa, Ndimande	
	Dunge	Chiliza	
	Duze	Seyama	
F			3
	Fakathi	Somdibela	
	Fakazi	Fakude, Fihlela	
	Fuze	Ngcobo	
G			27
	Gabela	Lindamkhonto, Mgabhi, Nsele, Mntungwa, Vezi	Nsele kaLindamkhonto! Ngilinde, ngisaland' ezami! Shulubez' elikhulu elisind' abazali nababelethi! Selulamthwalo usinda amadod' eZungeni! Mawombe! Sizinge! Thambisa! Ndindane! Sakasa! Mntungwa! Ngqungqul' eshay' amaphik' eSidindini! Mabuya zembethe! Ndindane kaMgabhi! (OVezi batholakala phesheya koThukela lapho abanye bexhuma uMthimkhulu).
	Gama	Mlangeni, Shabangu, Mbokane, Mdluli,	

		Manyoni	
	Gamede	Magadlela, Magadlela, Mkholwa, Sebenzekhaya, Mbebe	
	Gasa	Nyawose, Mzoneli	
	Gasela	Chiliza, Mdunge	
	Gaxa	Gubevu, Nokhala, Msutu, Giyana, Maduna, Diba	
	Gazu	Sibiya	
	Gcaba	Thembela, Nombela, Mbuso	
	Gcabashe	Mnguni, Gumede	
	Gcumisa	Ngwazi	
	Gcwabaza		
	Gcwensa	Mzulwini, Ndimande	
	Gebashe	Ngcaweni, Mnguni	
	Gedeza	Mnyandu, Nongalaza, Mpangazitha	
	Gina	Mhlungu, Magadlela	
	Gininda	Nyembezi, Shamase	
	Goba	Jangaza, Mbambo, Magoza	
	Gobhozi	Nyuswa, Ngcobo, Fuze	
	Goqo		
	Gule	Malambule, Nselenduna	
	Guma	Siyaya, Mangena	
	Gumbi	Ndandali, Mlotshwa	
	Gumede	Qwabe, Sotole, Phakathwayo	Mnguni kaYeyeye! Khondlo! OSidlabehlezi bakaPhakathwayo abathi bedla bebebeyeng' umuntu ngendaba! Bethi: "Dluyeya ngenhlana, umalokazana ubeyethe kayikhuni; sidingida yoyodaba!" kanti bahlinz' imbuzi! Malandela ngokulandel' izinkomo zamadoda!
	Gwacela	Mbili, Mhlanga	
	Gwagwa	Mlambo, Qunga	
	Gwala	Mphephethwa, Nkondlwane	
	Gwamanda	Yenga, Sochumase	

H			10
	Hadebe	Bhungane, Hlubi Mthimkhulu, Makhulukhulu	UNdlubu zamil' ebubini ngoba zesab' ukwehlela! Ingab' emhlabeni zesabani? Mafuz' afulele njengefu lemvula! Mashwabada, owashwabadel' inkomo kanye nezimpondozayo! Gob' izembe; Ndleb' enhle zombili! Zulu! Bhungane! NoNkulunkulu mkhulu, kodwa akangangoBhungane! Iziyengan' eziyeng' umuntu zimyenga ngendaba. Abanzipho zimnyama ngokuqhwandana. Makhulukhulu! Mehlomakhulu! Nin' enalala nomunwe endunu navuka nakhwif' ilanga. Sigoloz' esimehl' abomvu. Mashiy' amahle. Nina bakaLangalibalele. Bhungane wamakhulukhulu. Nina basemaHlutshini! Ngelengele!
	Hlabisa	Ngotsha, Mdinwa, Songiya, Somfula	
	Hlatshwayo	Mhayise, Ngele, Makholela, Siyendane	Akuvalwa ngezivalo, kuvalwa ngamakhand' amadoda! Cebis' omuhle, ngokucebis' amakhosi! Ngwan' elihle nezinyawo zalo zokunyathela! Mgogdlan' owavel' eziphunzini!
	Hlela	Madlula, Hangala, Kunene	
	Hlengwa	Mashasha	
	Hlomuka	Ngidi	
	Hlongwa	Gabhisa, Mtumaseli, Lange, Khawula,	

		Gence	
	Hlongwane	Sangweni, Ngwane	
	Hlophe	Samela, Thumbeza	
	Hlubi	Nkosi, Ludonga, Mavuso	
J			6
	Jali	Sijongo, Phumela, Ngcolosi	
	Jama	Dlamini, Mzizi, Sijadu	
	Jamile	Nsele, Nkamzwayo, Mehloluhlaza.	
	Jele	Nonyanda, Luvuno, Mgabadeli, Gasa	
	Jili	Vilakazi	
	Jiyane	Mbopha, Mkhathini, Magolwana, Mahlinza	
K			23
	Khaba	Ngobese, Mqungebe	
	Khambule	Mzilankatha, Mlotshwa	Msuth' owaqond' ilanga!
	Khanyeza	Ngwane	
	Khanyile	Ngwane	
	Khathi	Nandisa, Mbende, Sotobe, Phakathwayo, Sibiya	
	Khathide		
	Khawula	Hlongwa, Gebhezi, Ntombela, Ntanzi	
	Kheswa		
	Khobeni	Mphemba	Onanana boselesele, abaphumel' eshashalazini, bahlangabezana nomoya nezulu; Kwabhekwana!
	Khomo	Sibiya, Zamisa	
	Khoza	Mlotshwa, Msuthu, Mkhathini, Ntshingwayo Ndlandla	
	Khubisa	Nkomo, Ncube	
	Khuboni	Maseko, Simelane	
	Khulu	Mbulaze, Mntungwa	
	Khuluse	Hlongwa, Gabhezi, Mdindela	

	Khumalo	Mntungwa, Mbulazi, Donda, Mzilikazi	Mzilikazi kaMashobana! Wen’ owal’ ukudl’ umlenze kwaBulawayo! Donda! Wen’ oth’ udl’ umunt’ ub’ umyenga ngendaba! Bheje! Owabhej’ eNgome kwabonakala. Mabaso! Owabas’ entabeni, Kwadliw’ ilanga lishona! Wena kaMawela, Owawel’ iZambezi ngezikhali! Wena kaNkomo-zavul’ inqaba, Zavul’ inqaba ngezimpondo kwelaseNgome! Kekela kaNgobe ongenalulak’ emntwini; ulaka lwakhe ukuncintshana! Sonan’ esingoni lutho; Okwemihlambi yezinyamazane eyahamba yalal’ emfuleni! Lulwandle kaluwelwa, Luwelwa zinkonjane zona ziphapha phezulu! MaNtungw’ ancwaba; zindlov’ ezibantu! Zindlov’ ezimacocombela! Nin’ enehla ngesilulu; MaNtungw’ aluhlaza! Maqhaw’ amakhulu, ehlul’ abeSuthu NoShak’ engazang’ abehlule! MaNtungw’ adl’ izimf’ ezimbili; Ikhambi laphuma lilinye! Nin’ enal’ ukudl’ umlenze kwaBulawayo! Nin’ enahlubuk’ eNdlunkulu kaZulu; nenyuka nezwe!

			Mbulazi! >> IZITHAKAZELO
	Khumbuza	Cele, Ndosi	
	Khuzwayo	Gumede! Qwabe! Mnguni kaYeyeye Khondlo!	OSidlabehlezi bakaPhakathwayo Abathi bedla, bebebeyenga umuntu ngendaba! Bethi „Dluyeya ngenhlana, umalokazana ubeyethe, kayikhuni sidingida yoyodaba!“ kanti bahlinza imbuzi! Malandela, ngokulandel’ izinkomo zamadoda!
	Khwane	Dlakela, Gugushe	
	Khwela	Ndulini	
	Kubheka	Khathide, , Magonondo Masobotha	Masobotha Owasobothel’ udlubu nokhasi!
	Kunene	Mtimande	Bambo lunye, zingaba mbil’ ufuz’ ekhabonina!
	Kweyama	Vezi, Dladla	
L			11
	Lamula	Zinyane, Mthembu, Mthonti	
	Langa	Ndwande, Somaphunga, Zwide, Sothole, Mdlaka, Mlindi, Mcwayi, Sodumase, Sonomo	Madevu (Agqabul’ inkomishi !), Madelis’ sdumbu adl’umlenze, Wena woPhokophal’ olusha; Oludala yisilungulela!
	Lembede	Ndima	
	Linda	Cebekhulu	
	Lubisi		
	Lukhele	Mdluli, Nzimande	
	Lukhozi		
	Lushozi	Gcwensa,Ndimande, Mzulwini, Bhebhula	
	Luswazi		
	Luthuli	Madlanduna, Mshibe, Dlangamandla	
	Luvuno	Malembe, Madlamalala	
M			186
	Mabanga	Dlodlo, Langa,	

		Mpangazitha	
	Mabaso	Mntungwa	
	Mabhena	Musi, Mhlanga, Ncagu	
	Mabizela	Mshengu, Shabalala, Ndimande	
	Mabika	Dinane, Dinabantu	
	Mabusela		
	Mabuya	Msibi, Ndlondlo, Ngwenya, Mntimande	
	Mabuyakhulu	Ndiyema, Mdotshana	
	Mabuza	Ludonga	
	Machi	Goba, Lawu,Lisela, Mbonwa.	Mbusi kaJolwayo
	Macu		
	Made	Zimbu, Ngwane, Zimase, Mkhandlela	
	Madela	Longode, (Lingode), Ndaba, Hhoyiyane	Jange kaHoyiyane, Gqigqqi, wena kaNzamela
	Madi	Ngalonde, Ngwane	
	Madide	Phikela, Mawanda, Sompisi	
	Madlala	Sishi, Mpumuza, Bhengu, Khabalidaka, Nodlomo	
	Madondo	Mnguni, Mnquhe	
	Madonsela	Mntimande	
	Maduma	Mthiyane	
	Maduna	Mdlalose, Nyanda	
	Madziba	Ndelu, Bhulose, Shinga	
	Mafulela	Mafobo, Ndondakusuka	
	Magagula	Mthombeni	
	Magubane	Dibanto, Nkomose, Thole, Nkomose, Sothole, Ndlandla	
	Magutshwa	Simelane	
	Magwaza	Yengwayo, Njinji, Manqondo, Mabhul'ubhense, Jubakhothama, Mgabhi kaNshona	Gwal' elihle, okwath' abanye bebaleka nezinkomo, labaleka nabafazi!
	Mahaye	Nodanga, Ntombela, Ntanzi	
	Mahlaba	Mbunjwa, Nsukuza, Shengele, Cindi	

	Mahlalela	Maziya, Mcanco	
	Mahlangu	Nyongwana, Mabhoko, Mbili, Phetha	
	Mahlinza	Jiyane, Zosongo, Mkhathini	
	Mahlobo	Sokhela, Nzuza	
	Majola	Phakade, Mchunu, Ngqulunga	
	Majozi	Mnqamu, Gwanyana, Mbhulangwe	
	Makhanya	Mnguni, Yeyeye, Mpangazitha, Gumede, Khuzwayo, Phakathwayo, Duze, Qwabe, Nsongomnyama	OMnguni kaYeyeye! OSodlabehlezi bakaKhondlo! OPhakathwayo, abathi bedl' umuntu bebe bemnyenga ngendaba! OYeyeye abathi `Dlula, kubeyethwe´, kanti bahlinz' imbuzi! Bath' `umlobokaz' ubeyethe kay'khuni; sidingida lolo daba!´ Phakathwayo! Wena kaMalandela ngokulandel' izinkomo zamadoda! Amazala-nkosi lana! OMpangazitha!
	Makhathini	Mncwabe	
	Makhaye	Shombela, Mdeke, Nyawokhulu	
	Makhaza	Luvuno, Sokhela	
	Makhoba	Hamashe, Mancini, Sengwayo, Ncwane	
	Makhunga	Phethela	
	Malevu	Vezi, Kunene, Ziqunde	
	Malinga	Mlotshwa, Vunisa, Zindela	
	Maluleka	Thomoyi	
	Malunga	Ndlovu	
	Mamba	Nkosi	
	Manana	Ncusi, Mbuyise, Nkabinde, Ndimande	
	Manqele	Manqele kaS'khethankomo, Duyaza	

	Manyathi	Zindela ,Mgwaba, Ciyane. Mbhense, Donda	
	Manyoni	Mlotshwa	
	Manzi	Nonkululeko, Qomazitha, Nyokayebululu, Njinji	
	Manzini	Zungu	
	Maphalala	Khoza, Mtimande, Mavuso, Msuthu	AbeSuthu baseNkalanjana! Abamaziny' ansansa! AbaseMbathamkhonto njengobhedu! Abehla ngesilulu! Abathi: "Zibukuzana zani lezi na?" Kanti `zinqama. AbakwaKhoza, KwaMehlwana, KwaMlotha, KwaNungwana! AbeSuthu baseMawusweni!
	Maphanga	Gumede, Ginindza	
	Maphisa	Mlambo, Sishange, Mabhedla	
	Maphumulo	Mashimane, Doncabe, Zikode, Cwalile	
	Masango	Ntusi, Mdluli	
	Maseko	Ngcamane, Khuboni	
	Mashaba	Ngungunyana, Phoseka	
	Mashinini	Guliwe, Bembe, Cindi	
	Mashiyane	Sondaba, Skhabe, Sontshibe	Sondaba omuhle, wena waseMthandeni. Skhabe! Wen' owakhab' inkosi ngonyawo, akwaba `ndabazalutho! Yavuka, kwaxolisa yona, yathi: "Phepha Sondaba!"
	Masina	Mathebula, Mkholo	
	Masinga	Shobane, Njomane, Mangethe	
	Masilela	Mntambo, Mlondo	
	Masondo	Nyambose, Dingiswayo Mpanza, Mthethwa	
	Masuku	Ndwandwe, Zisongo, Nhlane	

	Mathaba	Mcambi, Mbuyazi	
	Mathe	Ncanana, Thenjwayo, Mzilankatha	
	Mathebula	Masina, Mkholo, Mthombeni	
	Mathenjwa	Mgabadeli, Ndabezitha	
	Mathibela	Msuthu	
	Mathonsi	Shekimbuya	
	Mathunjwa	Mvubu	
	Mavimbela		
	Mavundla	Bhembe, Mwelase, Mngwemkhulu, Thabekhulu	
	Mavuso	Ludonga, Mshengu, Shabalala	
	Maxase		
	Mayise	Phakathi, Nkomoye, Nsele	
	Mayisela	Mhayise, Jibela, Mbonane	
	Mazibuko	Khondlo, Mwelase	
	Mbambo	Goba, Magoza, Mdunge, Theneza	
	Mbanjwa	Sokhela, Samu, Magujwa, Dindela	
	Mbatha	Shandu	Shandu! Shandu kaNdaba! Gumbi lamagwala, Sontshikazi! Mthiya! Othiya ngenkom' abafokazana bethiya ngamahlahla! Ndabezitha! UShand' ubengengakanani ngoba nasentendeni yesandl' uyenela! Nasothini lomkhont'uyahlal'athi cababa! Mazalankosi! Mavungama!

			Mathabathanyawo! Makhab'aluthuli! Makhub'anothuli! Nina benyath' emnyama kaNsele! UShand' owalim' insim' eyilimel' izinyoni! Zasezimbonga zathi tshiyo-tshiyo-tshiyo! UBhabha kuGwaza! Unkentenkent' olwakhel' izintaba zaseNhlazatshe! Kwaze kwaphum' abafazi bengabhincile, bathi: Ingabe lolu Nkentenkente lunkenteza lwenzani? UShand' ongayembath' ingubo, oyembatha ngokusibekela kwelanga! UShand' omuhle ngamaziny' akhe; Wavala ngehhem' emizin' yamadoda! Uzihlabathi-zolwandle; Eb' emkhul' engangezulu! Wena kaMagizagiza! Mlamlankunzi, zidedele zibulalane! Shandu, uyinkosi eyabonwa nanguSishaka kaSenzangakhona, Yen' abath' uShak' akashayeki! Wath' Shandu kaNdaba uyinkosi, Futhi uyohlal' eyinkosi! Ndaba koMkhulu! Wo! Nyathi! Mbeje! Mndaba! Mlotshwa! Magwaz' aphindelele njengezulu!

			Mavungam’ owavungamel’ uMvelas’ evel’ eNyandeni! Dladla! Mpembe! Gadlela! Mhlophe! Dwala! Mgabadeli ngokugabadel’ izinkomo zamadoda! Mgabadeli ngokugabadel’ inkundla kwaBulawayo! Mbatha! Wena owembath’ isikhumba senyathi uZul’ esahamba ze! Wen’ owaba nguNdabezitha kuqala! Baze bazama ukuthath’ izibongo zakho ngamaqhinga! Wasal’ uzisebenzisa njengoba usazisebenzisa namanje! Ndabezitha! Ndaba koMkhulu! >> IZITHAKAZELO
	Mbeje	Mbatha, Shandu	
	Mbhele	Mphemba, Sompisi Ndlela	
	Mbhense	Nsibande	
	Mbokane	Gama, Mdluli, Maphalala, Manyoni	Titfo timbhobho, timgcilibele! Mbuya lendze kaMyabane! Mphephethwa! Manyoni! Ludvonga laMavuso! Samkete singambova malangeni! Wena weluhlanga lwakaNgwane! Wen' umhle kakhulu! Wena lowacedza Lubombo

			ngekuhlehletela! Niphophele lokumnandzi emnfuntini! Sidlukula dledle sakaLobamba, hambe basidlukulisa bafati nemadvodza! Awucedvwa, Mlangeni, Mswati kaSobhuza kaSomhlolo! Nina beNgwane! Wena weKunene!
	Mbokazi	Donda, Nxele, Sontuli, Hlamukazi	Lwandle aluwelwa, luwelwa zinkonjane zona ziphapha phezul' emafini! Phangela kobhongo, koqhoqhoqho! Mlamlankunzi `ngab' uziyekile, zabulalana! Hlamukazi kaMdaka; Umdaka usezintangeni! Wen' owasePhulamuth'-uphekiwe endlini kaMantombase; abakaPhangela, abaphangel' izinkomo zamadoda, lath' ilanga liphuma, labe liphuma nezinkanzi zamadoda!
	Mbonambi	Mbuyazi, Mabhodla	
	Mbongwa	Mbuyisa, Makhubo	
	Mbongwe	Sondisa, Maphanga	
	Mbuli	Makhunga, Lindisa, Mlawula	
	Mbuthu		
	Mbuthuma	Dwebelimdaka, Nokaka, Msuthu wakwaMshweshwe, Ntamonde, Helushe	
	Mbuyisa	Gqagqazela ,Mlotshwa, Mbuyazi, Mbonambi, Dube	
	Mchunu	Macingwane	
	Mcoyi	Gumede	
	Mdaka	Nhlabathi, Mdomula,	

		Magezana	
	Mdakane	Mlangatshe	
	Mdladla	Thumbela, Mwelase	
	Mdlalose	Nyanda, Dikane, Khwenta	Nyanda we'phahla!
	Mdletshe	Nomane, Msindazwe	
	Mdluli	Lukhele Nyoka, Sikhangisa, Nzimande, Sikwayo	
	Mdunge	Chiliza, Mwelase, Mbambo, Makhathini	
	Memela	Gambu, Msuthu, Nontuli	
	Meyiwa	Msomi, Gasa	
	Mfaba		
	Mfeka	Mguni, Mzimela	
	Mfusi	Thiyane	
	Mgabhi		
	Mgenge	Maphahla	
	Mgobhozi	Mahlobo, Mnguni, Yeyeye	
	Mhlaba	Zwane	
	Mhlanga	Gwacela, Mbili	
	Mhlongo	Njomane, Langeni, Mgabhi, Makhedama, Khuyameni	Makhedama! Soyengwase! Nina bakaBhebhe kaMthendeka! Nina bakaSoqubel' onjengegundwane! Nina baseSiweni, kwaMpuku yakwaMselemusi, kwaNogwence webaya! Zingwazi zempi yakwaNdunu! Njoman 'eyaduk' iminyakanyaka, yatholakal 'onyakeni wesine; yabuye yatholakala ngowesikhombisa! Langen' owavel'elangeni!
	Mhlophe	Dladla, Gadlela	
	Mhlungu	Mthiya, Mwelase, Ngwane	
	Miya	Mcwaningi, Msilak'phepha, Gcwanini, Mzizi	

	Mjadu	Sonqandile, Mshikila, Ndlela	
	Mkhabela	Dlomo	
	Mkhaliphi	Mphephethwa, Vilakazi, Jili, Binda	
	Mkhatshwa	Nxumalo, Ndwandwe	
	Mkhize	Gubhela, Khabazela kaMavovo, Gwaba kaziHlandla, Gcwabe	uGwaba kaNozihlandla, okhanyamas' esiswini
	Mkhonza		
	Mkhulisi	Mwelase, Mthembu	
	Mkhungo	Ndosi	
	Mkhwanazi	Nkwaliyenkosi, Nkwali, Ndonga, Shamase	
	Mlaba	Ximba, Mabhoyi	
	Mlambo	Mdineka, Sishange, Gubhuza, Ndlanzi	
	Mlangeni	Magasela, Sishiya, Madondo, Mdephane, Linda	
	Mlondo	Mgenge, Nongalo, Nodungandaba,	Sakh' umuzi ngomkhonto. Nogwaj' ozikhundlakhundla; esinye esokulala esinye esokwethamela!
	Mlotshwa	Makhombothi Khambule, Mlotshwa, Mzilankatha, Shezi	
	Mncube		
	Mncwabe	Mpangazitha, Phakathi, Sishangwe, Mjoji, Makhathini	
	Mngadi	Madlakovu, Ngema,	
	Mngoma	Khongisa, Bozini, Cenge.	Ntamonde, ingaba mfisha, yeza nonina! Ukholokholo, isibongo esingabongwa ngabaLandakazane! Amalal' alal' efak' umunw' endunu, avuk' aw'ncind' akhomb' izulu, kwafiphal' ilanga! (uMculi wodumo uKhabi Mngoma babemhasha bethi „Khala lembube" kwazise phela wayenekhala elaligqamile, libonakala! ☺)
	Mngomezulu	Dlakadla	

	Mnguni	Mzimela, Khonjwayo, Donda, Mfeka	
	Mngwengwe	Zitha, Mhlambo	„AmaHlamb' amhlophe ngokuhlambuluka!
	Mnisi	Mvulani, Nkophe	
	Mnomiya	Gininda, Shezi	
	Mntambo	Nhlangothi, Mlondo, Vezi, Masilela, Jiyane	
	Mnqayi	Mashiya, Linda, Nsele	
	Mnyandu		
	Motha	Mvulane	
	Mpanza	Thabekhulu, Sandanezwe, Thabekhulu, Mavundla, Siwele, Donda	
	Mpofana	Ntombela	
	Mpungose	Khuba, Gawozi, Phahla	
	Mqadi	Mbuyisa	
	Msane/Msani	Vangisa, Mvuna, Majoka	
	Mseleku	Duma, Lwandle, Mthombeni	
	Msezane		
	Msibi	Ndlondlo, Guliwe	
	Msimango	Thabizolo, Nonkosi	
	Msomi	Nyawose, Phingoshe, Gasa, Nomndayi	
	Msweli		
	Mthabela	Chibi, Mlotshwa	
	Mthalane	Weza	
	Mthanti	Mnyaka, Mthiyane, Ntsele	
	Mthembu	Mvelase, Qhudeni	Mvelase, owavel'eNyandeni! Ongawadl' amathibani; angadl' amathibane, indlala ngabe iwile! ONgoz' abavel' eNyandeni! Nina baseMlamlankunzi!
	Mthethwa	Nyambose, Dingiswayo Masondo Mpanza Mbambo	Nyambose kaDingiswayo! Hlanga lomhlabathi! Nkonyane lenkosi! Wena wasezansi, eMbelebeleni!

		Msweli	Godongwane! Maf’ avuke njengedangabane! Ludonga dilika, and’ ub’ aphuz’ emcocozweni! Mageza ngobis’ amanz’ ekhona! Nina baseMchachazweni! Nina enakh’ emifulen’ emibili, iNseleni neMfoloz’ emhlophe! Nina eniphuza phezul’ emfuleni, nichame ngenzansi, ziphuze izizwana! Nina basoYengweni, Manjankosi! Masondo! Msweli kaMasondo Nina basebaLungwini! Wena kaJobe kaKhujabi! Mavela! >> IZITHAKAZELO
	Mthimkhulu	Bhungane, Hadebe, Makhulukhulu, Hlubi	
	Mthiya	Zubane, Mbatha	
	Mthiyane	Zondo, Sokhulu, Luvuno, Zondo, Mazwi	
	Mthombeni	Duma, Lwandle, Magagula	
	Mthonti	Lamula, Ndlobane, Zinyane, Bantwini, Mpangazitha, Zucu, Jiyane	Nina bakwaSokhela ngempepho abafokazane bokhela ngezikhuni! Nina bakaMwelas’ ongaweli ngazibuko; abawela ngezimpambosi zomfula; omaLamulankuzi zimbili zibulalana! Nina bakaSiwela, bakwaSilokazi, bakwaZisongo, Songo-Linda! Nina bakwaMagalel’ agase njengeshongololo, bakwaVezi kaLanga, enesul’ udaka ngoluny’ udaka! Nina bakwaMdak’ ongomi, bakwaSigawulamthunz’ owawuhlez’ abafokazana! Nina bakwaCombela kweyizolo!

	Mtimande		
	Mtolo	Dlangamandla	
	Mtshali	Hlabangane, Mantshinga, Gebisa	UMagalel' agas' onjengengonyama! UMantshing' ozilwan' ezibili; ingwe nengonyama! >> IZITHAKAZELO
	Muthwa		
	Mvelase	Qhudeni	
	Mwandla	Nqumela, Magange	
	Mwelase		
	Mzimela	Mnguni	
	Myeni	Mdolomba, Mzukase, Mnguni, Mzimela, Mziyankatha	
	Myeza	Ndengezi, Msokazi, Mzukwuse, Dimbane, Mpangele	
	Mzila	Mawewe, Nyambane	
	Mzimela	Mnguni, Dimbani	
	Mzobe	Ngcolwane, Lamula, Phohla, Walawala	Fundisa abant' uk'hleka!
	Mzolo	Dlangamandla, Gasa, Mbungela	
	Mzoneli	Msomi, Gasa, Meyiwa, Nomndayi, Singila,	Wen' owehla ngomzungulu!
N			74
	Nala	Gwija, Mhlophe	
	Ncanana	Mathe, Thenjwayo, Mzilankatha	
	Ncongwane/ Ngcongwana	Nkwakha	
	Ncube	Mzilankatha	
	Ncwane	Gwamanda, Cebekhulu, Dlamdaka, Linda, Nomvuma	
	Ndaba	Manqele, Sibhene, Madela, Mhlungu, Mthiyane, Lingode, Maphikela, Lingode, Hhoyiyane, Phikela, Nomdidwa	Nkonyane yenkosi! Gqigqi kaNzamela! Lebe liyabhakuza! Z'shuqulu kazibalwa, zibalwa abazaziyo! Nomasikisiki;

			Nyon‘ esindwa yisisila sayo! Sihlahla somdleb‘ esingahlalwa nyoni; yahlala kuso, ibhamuka amehlo! Ncunc´ ephuza kwezid´ iziziba! Ingaphuza kwezimfushan´, ibuya nodaka! Wen´ owadel´ izinkomo, watheng´ amadoda ngoba eyokusebenzela! Lingode kaNdaba! >> IZITHAKAZELO
	Ndabandaba	Mahamba, Sidlodlo, Mphephethwa	
	Ndawo	Yamela, Khoza, Khobeni, Mphahlwa	
	Ndawonde	Zitha	
	Ndebele	Mazankosi	
	Ndima	Lembede	
	Ndimande	Gcwensa, Bayeni, Mabizela	
	Ndlangamandla	Mphazima	
	Ndlanzi	Hadebe, Bhungane, Mthimkhulu	
	Ndlela	Caluza, Sobayeni, (Bayeni), Sompisi	
	Ndlovu	Gatsheni	UGatshen’ oBoyabenyathi, obusonga busombuluka! Mpongo kaZingelwayo! Nina bakwaNdlovu-zidl'-ekhaya, ngokweswel'-abelusi! Nina bakwaKhumbul’-amagwala! Nina bakwaDemazane-Ntombazana! Nina bakwaS’hlangu-sihle. Mthiyane! Ngokuthiy' amadod' emazibukweni! Nina bakwaMdubusi!
	Nduli	Khwela	
	Ndulini	Khwela, Sithombo	
	Ndwandwe	Zwide kaLanga, Somaphunga, Mkhatshwa, Nxumalo	
	Nene	Sthenjwa, Madlokovu, Ngema	

	Ngcobo	Fuze, Mavela, Mapholoba, Nyuswa	UFuz' oMashiy' amahle sengani uzoshumayela!
	Ngcongo	Mkhonto, Phambuka, Dinisa	
	Ngcongwana/ Ncongwane	Nkwakha	
	Ngema	Madlokovu, Mngadi	
	Ngidi	Hlomuka	
	Ngobese	Mqungebe, Donda, Mthinti	
	Ngubane	Mbomvu	
	Ngubeni	Nkomo, Mntungwa	
	Ngwane		
	Ngwenya	Mntimande, Mabuya	
	Nhlabathi		
	Nhlapho	Sigegede, Luvuno, Mwelase	
	Nhleko	Mgilija, Mncwango	
	Nhlengethwa	Msuthu	
	Njiyela		
	Njoko	Nqamane, Nsele, Lindamkhonto, Phangisa	Wena kaSibhadubhadu semvula Wena kaSithol' esayosiswa sabuya nomdudukazana! Nina enadl' izimfe zimbili Zaphum' ikhambi selilinye! UBhoq' odliwa kuyindlala; udliwa zinjinga! Nina bakwaNoyile, nina bakaBhe noMagutshwa! Maleb' adonsw' agcwal' izitsha Msun' oyisinqopholo! Nina bakwaManokosha Nina bakaBuqil' obuphambana noShaka!
	Nkabinde	Mchusi, Mphondle, Mafuya	
	Nkala	Mlotshwa	
	Nkomo	Vezi	
	Nkosi	Ndlangamandla, Mphazima, Dlamini, Hlubi	Ndlangamandla! Mtungwa! Mawandla kaNdlela Nina baseMandlovini

			Mlotshwa! Siwela, Mphazima kaLanga! Nina bakwaLanga libomvu; elashis'amabel'ezikhuthali! Mabuya sezembethe'ugogwane! Mlotshw’ akangakanani, ngoba nasentendeni yesandl' uyahlala! Owaphath' induku' emnyama, washay'amanzi, kwavel' udaka! Nkonjane yenkosi! Mpangazitha!
	Nkwanyana	Zikode	
	Nsele	Linda, Hadebe	
	Nsibande	Goje, Mdlanyoka	
	Nsibanyoni	Malambule	
	Nsutsha		
	Ntanzi	Khawula, Gebhezi, Mahlobo, Ntombela, Zulu	
	Ntombela	Mahlobo, Dlukula Dledle, Mpangazitha, Zulu, Lukhwazi	Malandela wen’ owalandel’ izinkomo zamadoda, wena ongahlobi ngento yomunye; ohloba ngento yakhe!
	Ntshalintshali	Phathwayo, uKhanuka, Ndwandwe	
	Ntshangase	Mgazi, Biyela, Menziwa Ndabezitha	
	Ntshingila	Dlabane	
	Ntshiza	Mtolo, Dlangamandla	
	Ntuli	Mphemba, Mbhele Sompisi	
	Nxamalala	Zuma	
	Nxasana	Nonduma, Bele, Sikhonza	
	Nxele	Sweli, Semi, Msweli	
	Nxumalo	Zwide kaLanga, Ndwandwe, Mkhatshwa, Somaphunga, Mlaba,	
	Nxuswa		
	Nyanda		

	Nyandeni	Gasela, Khukhuza, Mashobana	
	Nyandu		
	Nyathikazi		
	Nyawo	Dumakude, Mlaba	
	Nyembe	Thwala, Siwela	
	Nyembezi	Nkwaliyenkosi, Shamase, Mkhwanazi, Ndonga	
	Nyide	Ndabase, Mahulube	
	Nyoka	Mceze, Mdluli	
	Nyongwana	Nyuswa	
	Nyoni	-Mbebe, Gwalagwala, Nyoniyamakhosi	
	Nyuswa	Ngcobo, Fuze, Mapholoba	
	Nzama	Chamane, Gcugcwa Hhosiyana (Wosiyane), Zukula,	
	Nzima	Phakathi	
	Nzimande	Mphephethwa, Mdluli, Mdlobhiya, Mangcamane	
	Nzimase	Sishi	
	Nzuza	Mshazi, Mahlobo	
P			4
	Phakathi	Mnguni, Mjaji , Mpangazitha, Mncwango, Sigagu, Juqula,	
	Phewa	Mvelase	
	Phoswa	Nyoni, Gengeshe	
	Phungula	Mdlovu	
Q			2
	Qhele		
	Qwabe	Gumede, Sotobe	
S			32
	Sabelo/ Sabela	Gwamanda, Mdlumbi, Maphindela, Vezi	
	Sangweni	Ngwane, Matiwane, Mwelase, Hlongwane, Zikhali	
	Seme	Mbuyazi, Msweli	
	Shabalala	Mshengu	Donga likaMavuso!

	Shabane	Mboyisa, Mlinga	
	Shabangu	Gama, Dlangamandla	
	Shandu	Mbatha, Mthiya	Shandu! Shandu kaNdaba! Gumbi lamagwala, Sontshikazi! Mthiya! Othiya ngenkom' abafokazana bethiya ngamahlahla! Ndabezitha! UShand' ubengengakanani ngoba nasentendeni yesandl' uyenela! Nasothini lomkhont'uyahlal'athi cababa! Mazalankosi! Mavungama! Mathabathanyawo! Makhab'aluthuli! Makhub'anothuli! Nina benyath' emnyama kaNsele! UShand' owalim' insim' eyilimel' izinyoni! Zasezimbonga zathi tshiyo-tshiyo- tshiyo! UBhabha kuGwaza! Unkentenkent' olwakhel' izintaba zaseNhlazatshe! Kwaze kwaphum' abafazi bengabhincile, bathi: Ingabe lolu Nkentenkente lunkenteza lwenzani? UShand' ongayembath' ingubo, oyembatha ngokusibekela kwelanga! UShand' omuhle ngamaziny' akhe;

			Wavala ngehhem’ emizin’ yamadoda! Uzihlabathi-zolwandle; Eb’ emkhul’ engangezulu! Wena kaMagizagiza! Mlamlankunzi, zidedele zibulalane! Shandu, uyinkosi eyabonwa nanguSishaka kaSenzangakhona, Yen’ abath’ uShak’ akashayeki! Wath’ Shandu kaNdaba uyinkosi, Futhi uyohlal’ eyinkosi! Ndaba koMkhulu! Wo! Nyathi! Mbeje! Mndaba! Mlotshwa! Magwaz’ aphindelele njengezulu! Mavungam’ owavungamel’ uMvelas’ evel’ eNyandeni! Dladla! Mpembe! Gadlela! Mhlophe! Dwala! Mgabadeli ngokugabadel’ izinkomo zamadoda! Mgabadeli ngokugabadel’ inkundla kwaBulawayo! Mbatha! Wena owembath’ isikhumba senyathi uZul’ esahamba ze! Wen’ owaba nguNdabezitha kuqala! Baze bazama ukuthath’ izibongo zakho ngamaqhinga! Wasal’ uzisebenzisa njengoba usazisebenzisa namanje!

			Ndabezitha! Ndaba koMkhulu! >> IZITHAKAZELO
	Shangase	Shuku, Ndaleka, Mkheshane, Tomane, Nogunjwa, Vemezitha	Nina bophondo lwenyanga yakoMthiyane olwamis' uShangase. Nina bakoSibindi simnyama ngoba simnyama sonkana. ONkom' isengelw' emeveni. Nin' enaph' umunt' isengwa; eninik' umunt' engathi niyadilika!
	Shange	Dumakude	
	Shazi	Zindela, Cebekhulu	
	Shelembe	Maphalala, Mzamela	
	Shembe	Nhlanzi, Mntungwa, Mathabizolo, Donsa, Sokhanyiso, Gwaqagwaqa, Mzazela, Sokhubuzela, Nyathikazi	Mzazela kaNyathikazi! Mbulabi kaNhliziyo zimashum'shumi! Mashiy' amahle njengoboya benkonyane! Mbulabi, wen' omuhle njengento yokwetshelekwa! Ndonsa kaSokhabuzela!
	Shezi	Dlaba, Sgananda	
	Shinga	Ndelu, Bhulose, Madziba	
	Shoba	Mpikela, Mathumba, Nkonkoni	
	Shongwe	Mtimande, Bhambolunye, Mcusi	
	Shozi	Mbasha,Gidela,Mtumaseli, Mtungwa, Hlongwa	
	Sibaya	Thango, Gotsholo	
	Sibeko	Maziya, Mkhabela, Gembe	
	Sibisi	Mahlase, Bhovungana, Gamede	
	Sibiya	Sotobe, Qwabe, Gumede, Ndaba, Gazu, Mgxebe	Sibiya ngenkomo, abafokazana bebiya ngamahlahla! Ndaba komkhulu! Ndaba, Gumede Nina bakwankom' isengelwa

			emaweni, Ingasengelw' esibayeni; akuyon' eyakhona. Gumede kaNdaba, Mkhananda owafinyelela kubalondolozi, Wemuka noGodokazi way' eMfolozi. UHhiya kwabanani, Okwaphekw' esendlini Kwaze kwephulw' esendlini Engazange afe `kufudumala Mgxebe! Khathi! Nina bakaSotobe kaMpangalala
	Sikhakhane	Mboma, Mqhele, Mathula, Nzimase, Mqhele	Mboma kaMqhele, Sdwab' esinembobo! Wena sang' elingezansi, lapho besa khon' imilomo! Wen' owangena nesikhun' emanzini sivutha, waphuma naso sivutha! Wena kaMboma os'hlahla samil' edwaleni! Wena kaSoqhafuza, umlung' odl' izinkobe! Wena nyok' eyacac' emthini, ingenazinyawo! Nkom' esengelw' emeveni, ngoba way'sengel' ethungen', iyal'khahlela! Wen' okhishwa ngenon' emgodini! Wen' ophath' amakhos' um' esedukuzela! Wen' owahlabana ngokwehlul' izinyanga nezanusi; wasuka lapho waxoshiswa

			ngokaSenzangakhona ngezinkomo zekhethelo! Wakhushulwa, awabanankosi, ngoba inkosi yakho kunguNodumehlezi kaMenzi! Mboma! Wena waseNkandla!
	Sikhosana	Ncama, Msamkhulu, Somboni	
	Simamane	Phakathwayo, Mpangazitha, Mnguni kaYeyeye, Gumede, Qwabe	Simamane sengwe nengonyama! Mceb' ethule, Wen' oth' udl' umunt' ub' ubumyenga ngendaba! Dluya, kubeyethwe!
	Simelane	Magutshwa Mpembe, Ntengwane	Mpembe kaLokothwayo; ondletshana zimqhewana, ezaqhewulwa amagundane, ukuba zazingemqhewu ngabe zifuze ekhakonina; Shingi njengesihlabathi; Gqamu njengelanga; Ntengwane kaLuthuli; Ndlovu zidl' ekhaya Ngokweswel' abelusi; Mdlambiba!
	Sithole	Jobe, Mondise, Matshana	
	Siwela	Thwala, Nyembe	
	Siyaya	Guma, Mangena	
	Sokhulu	Mthiyane	
	Sokhela	Nzuza, Mahlobo	
	Sosibo	Thabethe, Gema, Ncobeni, Mshingila, Jembeqwa, Bhayiya, Nyumbane, Nkosinathi. Mangekhwatha!	
T			12
	Tembe	Mthonga	
	Thabede/ Thabethe	Mangethe, Gema, Sosibo	

	Thango	Sibaya, Jiyane	
	Thanjekwayo		
	Thela	Mhlabandlovu, Mtimande	
	Thembekwayo	Dlamane, Masina	
	Thembela	Gcaba, Shingila	
	Thenjwayo	Nsibande, Gabadela	
	Thomo	Ndabezitha, Khambule, Makhubo	Masond' amhloph' aney' nyawo zawo! Wen' owadl' udadewenu, uthi `kananyongo, `kanamhlehlo! S'gung' owathumel' uKhuboni kaNdlovu wath' akabuye nengubo yob'nono! Thomo!
	Thusi	Sishange. Dlebe, Nkomo, Mlotshwa	Ndlebezenkomo (?)
	Thusini	Donda, Manqele, Mnguni, Mlaba	
	Thwala	Mnyamande, Nyembe, Motha, Siwela	
V			5
	Vezi	Kweyama, Mnembe	
	Vilakazi	Mphephethwa, Jili, Binda	
	Vumase	Sikhumbane, Mfumu	
	Vumisa	Nkala	
	Vundla	Gigaba	
W			2
	Wela	Gumede, Phakathwayo	
	Weza	Mthalane	
X			6
	Xaba	Nonkosi, Nginikeza	
	Xala	Gubulundu, Mbanjwa, Zizi, Dlamini	
	Xhakaza	Nozidlele, Bhengu, Mpungane	Obanye benele emizini yabo
	Ximba	Mlaba	
	Xolo	Msuthu, Ntamonde,	

		Thusi	
	Xulu	Makhathini, Xabhashe	
Y			3
	Yaka	Dlunge, Shonane, Masaphokazi, Mayile, Dinane	Masala nendawo ebanzi!
	Yengwa	Gwamanda, Sondini	
	Yeni	Shibase, Zondi	
Z			16
	Zama	Dingila, Nombhoco, Gcugcwa, Wosiyane	
	Zikalala	Sangweni, Hlongwane, Ngwane, Khuze, Mhayise, Mbangalulaka, Cebisa	Masilakuphepha njengenyamazane! Inyamazan‘ edliwayo; edliwa ngesibaya samaKhuze! Gijimani ngazo zonke izindlela, nibatshel‘ ukuth‘ umful‘ uMkhuz‘ usugcwele!
	Zikhali		
	Zikode	Ntshoso, Mangethe	
	Zimu	Mtuswa, Mbhodwe	
	Zindela	Malinga, Mlotshwa, Shazi, Cebekhulu	
	Ziqubu	Biyase, Khathini	
	Zitha	Ndawonde	
	Zondi	Nondaba, Gagashe	
	Zondo	Mthiyane	
	Zubane	Mthiya, Zikhonjwa	
	Zuke Mbhedu, Bikelwayo	Mbhedu, Bikelwayo	
	Zulu	Mageba, Ndabezitha, Sithuli	Wena kaPhunga noMageba – kaMalandela ngokulandel’ izinkomo zabafokazana!
	Zuma	Nxamalala, Mpangazitha, Msholozi	
	Zungu	Gwabini, Manzini, Sengwayo, Ncwane, Geda, Makhoba	Ncwane ngankomo yaseMahenyeni! Nyama kayishi; isha ngababhebhezeli! Geda kaManzini! Sengwayo!
	Zwane	Mangethe, Ntshosho, Zikode, Cebekhulu	

- ubanjiswano olusaqhubekayo -
IMIBUZO NEMIBONO:
khumalo-seegelken@t-online.de

IZITHAKAZELO – kafuphi nangobude bazo

- uDkt uBen Khumalo-Seegelken -
"eKhaya"
Cloppenburger Strasse 9 A
D-26135 OLDENBURG
eJalimane/Deutschland

Tel/Fax: 0(0 49) - 441 – 770 32 330

07.01.2019